nokuthi beselapha emhlabeni ubaphe usizo oluchichimayo. Kulemfihlo ngokukhethekile ngicela izipho zoMoya oCwebileyo nokubakhona Kwakhe ezimpilweni zethu.

### 4. UJesu wenyusela uMaria ezulwini

Oh Jesu oThandekayo, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngaleMfihlo yokweNyuselwa kukaMaria eZulwini**, ngiyakucela vikela lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zokuphila kwabo ukuthi ubayise eZulwini, nokuthi beselapha emhlabeni ubaphe usizo oluchichimayo. Kulemfihlo ngiyabonga ngezipho namagrasia esiwathola ngoMaria uMama waKho oNgcwele nangaleliRosary.

### 5. UJesu waqhelisa uMaria ezulwini

Oh Jesu oThandekayo, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngaleMfihlo yokuQheliswa kukaMaria njengeNkosikazi yeZulu noMhlaba,** ngiyakucela vikela lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zokuphila kwabo ukuthi ubayise eZulwini, nokuthi beselapha emhlabeni ubaphe usizo oluchichimayo. Ngalemfihlo ngifisa ukutusa isiHawu saKho nezipho esesizamukelile ngoMaria, iNkosikazi yeRosary eliyiNgcwele.










# IROSARY LABAZALI

## Khuleka iRosary – ukhulekele abantwana bakho



**Catholic Diocese of Umzimkulu**

# Umkhuleko weRosary wabazali bekhulekela abantwana babo



**Mame waseFatima – sikhulekele!**



5. **UJesu wanqanyulezwa ngenxa yethu**
   Oh Nina woMsindisi – Maria, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngaleMfihlo yokuBethelwa kukaJesu eSiphambanweni**, ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami.
   Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba lokuthi uzobasondeza kuJesu. Kulemfihlo ngicela ngokukhethekile ukwethembela okungapheliyo eSihawini esiyiNgcwele esigeleza sisuka eSiphambanweni.

## IziMfihlo zobuKhosi

1. **UJesu wavuka kwabafileyo**
   Oh Jesu oThandekayo, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngaleMfihlo yokuVuka kwaKho kwabafileyo,** ngiyakucela vikela lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zokuphila kwabo ukuthi ubayise eZulwini, nokuthi beselapha emhlabeni ubaphe usizo oluchichimayo. Kulemfihlo ngicela ngokukhethekile uxolo ezinhliziyweni zethu.

2. **UJesu wenyukela ezulwini**
   Oh Jesu oThandekayo, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngeMfihlo yoKwenyukela Kwakho eZulwini,** ngiyakucela vikela lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zokuphila kwabo ukuthi ubayise eZulwini, nokuthi beselapha emhlabeni ubaphe usizo oluchichimayo. Kulemfihlo ngiyacela ngokukhethekile amandla wokukwazi ukulandela imithetho nezimfundiso Zakho.

3. **UJesu wasithumelela uMoya oCwebileyo**
   Oh Jesu oThandekayo, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngeMfihlo yoKwehla koMoya oCwebileyo** ngiyakucela vikela lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zokuphila kwabo ukuthi ubayise eZulwini,

lokuthi uzobasondeza kuJesu. Kulemfihlo ngiyacela ngokukhethekile ukubekezela nokuphikelela emkhulekweni.

### 2. UJesu washaywa ngenxa yethu

Oh, Mame weZinsizi – Maria, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngaleMfihlo yokuShaywa kukaJesu,** ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba lokuthi uzobasondeza kuJesu. Kulemfihlo ngokukhethekile ngicelela lababantwana ukuphiliswa ebubini obenziwa ngabazali babo nokuthi bazuze insindiso.

### 3. UJesu waqheliswa umqhele wameva ngenxa yethu

Oh, Mame weZinsizi – Maria, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngeMfihlo yokuqheliswa kukaJesu ngaMeva,** ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba lokuthi uzobasondeza kuJesu. Kulemfihlo ngicela ngokukhethekile amandla wokufeza imisebenzi yami yobuzali ngothando, nenhlonipha nangesineke.


### 4. UJesu watshatha unqamulezo ngenxa yethu

Oh, Mame weZinsizi – Themba labaKholwayo, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngaleMfihlo yokweTshatha kukaJesu iSiphambano,** ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba lokuthi uzobasondeza kuJesu. Kulemfihlo ngicela ngokukhethekile ukuthi siphiwe amandla wokushiya ukona kwethu negrasia lokuvama ukuvuma izono zethu futhi sizivume ngokwethembeka.



## IZIMFIHLO zeROSARY

### ULITHANDAZA KANJANI IROSARI




1. Yenza uphawu lwesiphambano bese usho uMvumukholo.
2. Yisho uBaba wethu.
3. Yisho uYethi Maria kathathu.
4. Yisho uDumo.
5. Yisho imfihlo; bese usho uBaba wethu.
6. Yisho oYethi Maria abalishumi.
7. Yisho uDumo.
8. Yisho imfihlo yesibili; bese usho uBaba wethu.
9. Yisho oYethi Maria abalishumi.
10. Yisho uDumo.
11. Yisho imfihlo yesithathu; bese usho uBaba wethu.
12. Yisho oYethi Maria abalishumi.
13. Yisho uDumo.
14. Yisho imfihlo yesine; bese usho uBaba wethu.
15. Yisho oYethi Maria abalishumi.
16. Yisho uDumo.
17. Yisho imfihlo yesihlanu; bese usho uBaba wethu.
18. Yisho oYethi Maria abalishumi.
19. Yisho uDumo

***Isiphetho seRosali:*** *Uma seliphelile kuthandazwa u-Yethi Nkosikazi....*

## UMKHULEKO WEROSALI

*Uphawu lwesiphambano*: **Ngegama likaYise** beneNdodana noMoya Ocwebileyo. Amen.

**NGIYAKHOLWA** kuNkulukulu uYise, uMninimandla onke, uMdali wezulu nomhlaba, nakuJesu Kristo, iNdodana yakhe eyodwa, iNkosi yethu , owathatshathwa kuMoya Ocwebileyo, wazalwa yiNtombi eyiNgcwele uMariya, wahlushwa kubusa uPonsius Pilatus, wanqanyulezwa , wafa wembelwa, wehla waya esihogweni, ngosuku lwesithathu wabuya wavuka kwabafileyo wenyuka waya ezulwini, uhlezi kwesokunene sikaNkulunkulu uYise, uMninimandla onke, lapho eyakuvela khona ezothetha amacala abasekhona nabafileyo. Ngiyakholwa kuMoya Ocwebileyo, iBandla eliyingcwele eliKhatholika, ukuhlangana kwabacwebileyo, ukuthethelelwa izono, ukuvuka kwenyama, nokuphila kwaphakade. Amen.

**BABA WETHU** osezulwini maliphathwe ngobungcwele igama lakho, umbuso wakho mawufike, intando yakho mayenziwe emhlabeni njengasezulwini. Awusiphe namhla isinkwa sethu semihla ngemihla, usithethelele izono zethu, njengoba nathi sibathethelela abasonayo, ungasingenisi ekulingweni, kodwa usisindise kokubi. Amen.

**YETHI MARIA**, ogcwele igrasiya, iNkosi inawe, ubusisiwe wena esifazaneni, ibusisiwe nenzalo yesisu sakho uJesu. Maria oCwebileyo, Nina kaNkulunkulu, mawusikhulekele thina zoni, kalokhu nasesikhathini sokufa kwethu. Amen.


**UDUMO** alube kuYise beneNdodana noMoya Ocwebileyo, njengoba kwakunjalo ekuqaleni kusenjalo namanje, kuyakuba njalo sonke isikhathi naphakade. Amen.

*Lomkhuleko olandelayo ushiwo ngemuva kwayileso naleso sigaba ngemuva koDumo. Lomkhuleko uyisinxuso esikhulu sikaMame waseFatima.*

**Umkhuleko**

O Jesu othandekayo awusithethelele izono zethu, usisindise emlilweni wesihogo. Holela imiphefumulo yabantu bonke ezulwini ikakhulu abadinga umusa nesihawu sakho. Amen.

+++++++++++





kuJesu. KuleMfihlo ngicela ngokukhethekile impilo entsha kuKristo nokuthi sikwazi ukuphendula ngokufanele kwizipho zoMoya oCwebileyo.

### 4. UKristo ephenduka esinye isimo

Oh, Sibuko sokuLunga, Muzi woKuhlakanipha, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngaleMfihlo yokuKhazimuliswa kukaJesu,** ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba lokuthi uzobasondeza kuJesu. Kulemfihlo ngicela ngokukhethekile ukushintsha kwezinhliziyo ukuze sizwe ukubakhona kukaNkulunkulu ezimpilweni zethu.

### 5. Ukumiswa koMhlabiso oyiNgcwele

Oh, Nkosikazi eGcwele iGrasia – Oh, Maria, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngaleMfihlo yokuMiswa kweSakramente eliyiNgcwele cwe laseLathini,** ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba lokuthi uzobasondeza kuJesu. Kulemfihlo ngicela ngokukhethekile ukuthi sizinikele ngeqiniso sivame ukwamukela iSakramente eliyiNgcwele cwe laseLathini.

## IziMfihlo zokuHlupheka

### 1. UJesu wajuluka igazi ngenxa yethu

Oh, Wena weSifazane oThembekile – Maria, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngeMfihlo yokuJuluka kukaJesu iGazi eNsimini yaseGetsemane,** ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba

**eThempelini,** ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba lokuthi uzobasondeza kuJesu. KuleMfihlo ngicela ngokukhethekile ukukholwa, nokwethemba nokuhlakanipha.

## IziMfihlo zokuKhanya

### 1. UKristo ebhabhadiswa emfuleni iJordan

Oh, Maria – Thempeli loMoya oCwebileyo, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngeMfihlo yokuBhabhadiswa kukaJesu,** ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba lokuthi uzobasondeza kuJesu. KuleMfihlo ngaiyacela ngokukhethekile ukuthi kuvuseleleke amagrasia wokubhabhadiswa kwethu.

### 2. UKristo ezibonakalisa emshadweni eKhana

Oh, Maria – Nina woThando oLuhle, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngaleMfihlo yoMshado waseKhana,** ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba lokuthi uzobasondeza kuJesu. KuleMfihlo ngiyacela ngokukhethekile ukuthi laba bantwana babe nothando empilweni yabo, futhi babe ngabakwazi ukufafaza uThando lukaKristo kwabanye.

### 3. UKristo umemezela ngombuso kaNkulunkulu nokuphenduka

Oh, Maria – Mame wokuSindiswa kwethu, ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngaleMfihlo yokuMenyezelwa kombuso kaNkulunkulu,** ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba lokuthi uzobasondeza



**Mame waseCentocow, Sikhulekele!**

## UMKHULEKO WEROSARY WABAZALI BEKHULEKELA IZINGANE ZABO NEZABANYE

Bonke abazali bafisa okuhle kuphela ngabantwana babo. Sithanda ukuthi abantwana bethu babe ngabathokozile, babe ngabaphilile, futhi babe ngabahlakaniphile. Sibafunela izikole ezingcono kakhulu abantwana bethu, sibafunela imfundo ephezulu abantwana bethu, nempilo ethokozile negcwele emindenini. Kunezinto eziningi esingazenza njengabazali ukuxhasa abantwana bethu, nokubasiza bafeze lokho okubalungele. Kodwa-ke, kungabe siyakwazi ngempela ukuqinisekisa abantwana bethu ngempilo engcono?

Lelikhulunyaka lamashumi amabili nanye lesabisa imindeni yethu ngezingozi zomphefumulo: utshwala, izidakamizwa, ukuzitika ngezithombe zomabonakude nomagazini abanezithombe zabantu abanqunu noma abenza ucansi (ponography), ukusebenzisa i-Internet uyisebenzisele ukungcola nokubuka imidlalo engalungile nokunye okunjalo, abantu abadala abasebenzisa izinto ezizobenza bangagugi, izenzo zemilingo (amasalamusi), ukuhushulwa kwezisu, nokunye okunjalo. Abazali abaningi bayakhathazeka ngokuthuthuka ngokomphefumulo kwabantwana babo njengoba beya ngokuya bezimela, beqala futhi nokwakha izimpilo zabo. Kungakho sizibuza ukuthi kungabe ikhona yini into esingayenza ukusiza abantwana bethu nokubavikela? Into engeyeqiniso nelungile ukuthi sibakhulekele ngokholo abantwana bethu.

### Ngenela umkhuleko weRosary labazali bekhulekela abantwana namuhla!

## KUNGANI KUMELE KUNGENELWE IROSARY LABAZALI?

„UJesu ufisa ukuphakamisa ukuthi abantu bazinikele eNhliziyweni yami eNgenasici emhlabeni. Ngethembisa insindiso kulabo abayokwamukela lokhu. Ngeke nginishiye; iNhliziyo yami eNgenasici iyakuba yinqaba yenu, nendlela eyakuniholela kuNkulunkulu" *(Our Lady of Fatima, June 13 1917).*

- Ukuvikeleka okukhulu kakhulu esingakwenzela abantwana bethu umkhuleko
- UMame wethu usimema ukuba sithandaze iRosary
- Ngokuthandaza iRosary, siyaqhubeka nokusondela kuNkulunkulu uBaba ngoJesu
- UMaria akakaze anqabe; uma sicela ukuvikeleka futhi unikeza ukuhola okulungile emindenini isondele kuNkulunkulu ngokunxuselwa nguye, uzonakekela abathandiweyo bethu ngaphezu kokuba thina singabanakekela.

## LAQALA KANJANI IROSARY

IRosary umkhuleko iBandla elawemukeliswa ngonyaka ka1214 nguDominic oCwebileyo, owayekade ewamukeliswe yiVirigo eliCwebileyo njengendlela yokuphendula abangakholiwe nazo zonke izoni.

Eminyakeni engamakhulu athize edlule uMaria usevele ebantwini abahlukahlukene, ngaso sonke isikhathi ecela ukuthi kuthandazwe iRosary, ebathembisa ukuvikeleka ngokukhethekile kanye namagrasia amakhulukazi.

Igama iRosary lisho „uMqhele wamaRozi". UMame wethu ukuvezile ukuthi ngaso sonke isikhathi uma sisho uYethi Maria, simupha irozi elihle kakhulu, nokuthi iRosary lonke eliphelele limenzela umqhele wonke wamarozi. iRozi liyindlovukazi yezimbali, ngakhoke iRosary liyirozi (indlovukazi) yayo yonke imikhuleko, ngakhoke libalulekile kakhulu. Irosary eliyiNgcwele lithathwa njengomkhuleko omuhle kakhulu ngoba kulo kukhona indaba yokusindiswa kwethu. NgeRosary, sizindla ngezimfihlo ezokujabula, izimfihlo zokuhlupheka kukaJesu, ezokukhanya, nezimfihlo zobukhosi (udumo lukaJesu noMaria). Umkhuleko onentobeko futhi wokunxusa, kodwa ufana nezinhliziyo ezimbili ezimnandi (sweethearts) ezikhathini eziningi ezisho enye kwenye amagama athi: „Ngiyakuthanda". Ngo „Yethi Maria" ngamunye sinxusa uMaria uMame wethu ukuthi asikhulekele. UMaria uyasamukela njalo isicelo sethu. Uhlanganisa imikhuleko



**2. UMaria wahambela u-Elizabeth**

Oh, Ncekukazi kaNkulunkulu! Oh, Nkosikazi yamagrasia! Ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngeMfihlo yokuhambela kwakho u-Elizabeth oCwebileyo,** ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba lokuthi uzobasondeza kuJesu. KuleMfihlakalo ngiyanxusa ngokukhethekile ukuthi indawo abakhulela kuyo ibe yinhle ibalungele ukuthi bakhule bathuthuke.

**3. UMaria wamzalela uJesu eBethlehema eliVirigo**

Oh, Nina kaNkulunkulu, Nina weBandla noMame wethu! Ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngemfihlo yokuzalwa kukaJesu,** ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba lokuthi uzobasondeza kuJesu. Kulemfihlo ngiyanxusa ngokukhethekile kube nobukhona beqiniso bukaKristo ezimpilweni zalaba bantwana nabazali babo.

**4. UMaria wamnikela uJesu eThempeleni**

Oh, Sango leZulu, Ndlwana yesivumelwano! Ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngaleMfihlo yokweThulwa kukaJesu eThempeleni,** ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba lokuthi uzobasondeza kuJesu. KuleMfihlo ngiyanxusa ngokukhethekile amandla ngezikhathi zobunzima nokwethembela ebukhoneni bukaNkulunkulu eBandleni.

**5. UMaria wamfumanisa uJesu eThempeleni**

Khwezi lokusa, Nkosikazi yokuHlakanipha! Ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary**, ngeMfihlo yokuTholakala koMntwana uJesu**

4. Sinxusa uNkulunkulu ukuthi asindise abazali nakho konke okubazungezile emiphumeleni yesono ethinta abantwana bethu.

5. Sikhulekela uPhapha wethu, izinhloso zakhe nalo lonke iBandla eliKhatholika.

### ISENZO SOKUZETHEMBA

Maria Virigo elingenasici, Nkosikazi yeMindeni, Nkosikazi yoXolo! Sibeka ezandleni zakho abantwana bethu nabo bonke abantwana abasingathwe bahlanganiswa ngalomkhuleko. Ngezimfihlakalo zikaJesu nempilo yoMndeni oyiNgcwele, siyakuncenga Nkosi, vikela lababantwana emimoyeni emibi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kobuzali. Bavikele ngengubo yakho yothando nomkhuleko, ukuze babemsulwa nokuthi labo abalahlekile nabalusizi baphinde bathole izindlela zikaNkulunkulu.
Sinikela Kuwe izimpilo zabantwana bethu, Maria oCwebileyo, futhi siyethemba ukuthi uzokubaletha kuJesu. Sengathi ungakhula lomkhuleko, ulethe uthando lukaKristo, noxolo lukaKristo emhlabeni ukuze abantwana abaningi nabazali nemindeni bezophiliswa ngamandla wothando lukaNkulunkulu. Ngeqiniso, siyethemba kuwe.

## IROSARY LABAZALI

### Izimfihlo zokuJabula

1. **UMaria waziswa yingelosi ukuthi uyakuzala uMsindisi**
Maria Virigo elingenasici, Nkosikazi yeMindeni ngikhulekela abantwana bami nabo bonke abantwana abanikelelwe kuleliRosary, **ngemfihlo yokwaziswa kwaKho yingelosi ukuthi uyakuzala uMsindisi,** ngiyacela nxusa uNkulunkulu ukuthi avikele lababantwana kokubi, ikakhulu ububi obuvuswa ubuthakathaka nokona kwami. Kuwe nginikela izindlela zempilo yabo ngethemba lokuthi uzobasondeza kuJesu. Kulemfihlakalo ngokukhethekile ngicela ukwethemba.



yethu neyakhe. Ngakhoke, umkhuleko uba ngonamandla kakhulu ngoba konke uMaria akucelayo uyakunikezwa. UJesu akakwazi ukunqaba uma enxuswa nguNina.

Ngazo zonke izikhathi lapho ebonakala uMame wethu wasezulwini usinxusa ukuthi sithandaze iRosary njengomkhuleko onamandla wokunqoba usathane, usiyise ekuthuleni kweqiniso sizizwe sinoxolo. Ngomukhuleko wakho owenza ngokuhlanganyela noMame wasezulwini, ungathola isipho esihle kakhulu sokushintsha izinhliziyo uzilethele ukuphenduka. Ngazo zonke izinsuku ngomkhuleko ungahamba uphume kuwe nasemndenini wakho, nasezweni lakini nasezingozini eziningi nasezilingweni eziningi.

### LITHANDAZWA KANJANI IROSARY LABAZALI?

**IRosary labazali lincike emqondweni wokuthi kube yiRosary eliPhilayo**. Kuba yiqembu labantu abangamashumi amabili 20, abathandaza isigaba esisodwa seRosary (uBaba wethu oyedwa, oYethi Maria abalishumi, nodumo olulodwa) bethandazela abantwana babo zonke izinsuku.

Zingamashumi amabili izimfihlo zeRosary eliyiNgcwele, ngakhoke umuntu ngamunye uthandaza imfihlo eyodwa ngelanga, inyanga yonke. Kushintshwa njalo uma kuphela inyanga. Umzali wehlikela kwi,fihlo engezansi kwakade eyithandaza. *(Umshisekeli weqembu leRosary nguye osiza abazali ukushintsha izimfihlo zeRosary)*.

Zonke izinsuku, iqembu labantu abangamashumi amabili bathandazela izingane zabo kanye nezabo bonke abaseqenjini, ngalendlela kuthandazwa lonke iRosary zonke izinsuku.

Zonke izinyanaga bayahlangana abazali ngosuku abaluqokile ukushintsha izimfihlo zeRosary, ukuze bangaphindi izimfihlo ezizodwa, noma omunye athandaze imfihlo ethandazwa ngomunye.

Kuthatha imizuzu emihlanu kuphela ukuthandaza isigaba seRosary, futhi uma siqhathanisa nesikhathi esisichitha ngezinye izinto, isibonelo, isikhathi esisichitha sihlezi sibuka iTV, noma sikhuluma izinto ezingakhi, siyazibonela nathi ukuthi

ukuthandaza isigaba seRosary singakwenza nje kalula. Imizuzu emihlanu kuphela engizobe ngithandaza ngayo ukuzuzela abantwana bami ukuvikeleka amahora angamashumi amabili nane, (24 hours protection). Lesi yisipho seqiniso sothando lukaNkulunkulu!

Kuletha induduzo noxolo ukwazi ukuthi kukhona abanye abantu abalishumi nesishiyagalolunye abakhulekela izingane zakho, ngisho noma ungakhohlwa wena. Asidingi ukukhathazeka ngenamuhla labantwana bethu noma ngekusasa labo, kuphela uma nje sibabeka kuNkulunkulu nasekunxuselweni nguMaria.

Bonke abazali bangangenela, bengabheki ubungako babantwana babo nezimo abakuzona (ungakhulekela abantwana bakho abasebancane, asebeyintsha, nabantwana bakho abadala).

## UMARIA, UNINA KANKULUNKULU

UJesu, iNkosi yethu noNkulunkulu, nguye kuphela uMsindisi wethu. Nguye osilethela uxolo, apholise izilonda zethu asiphe impilo entsha. Futhi ngesikhathi efa esiphambanweni, kufanele ukuthi wayenesizathu sokusethula kuNina, wethula uMaria kuJohannes kanjalo uJohannes kuMaria. Ngalendlela, uJesu wayefuna sazi ukuthi ufuna ukuthi uNina kube nguMame wethu. UJesu ufuna sethule yonke into Kuye ngeNhliziyo kaMaria engenasici.

UMaria, uNina kaNkulunkulu. Ngokusinxusela nangokusibusisa kwakhe samukeliswa amagrasia amaningi nezipho, njengoba engokhethiweyo okwathi ngaye kwafika ukuKhanya emhlabeni. Isifiso esijulile sikaMaria ukusivikela nokusisondeza kuNkulunkulu.





## AMANDLA ESIBUSISO SABAZALI

Mhlawumbe singangazi ukuthi amandla esibusiso somzali anomthelela ongakanani ezimpilweni zabantwana bethu. Ngokomoya sihlanganisiwe nabantwana bethu. UNkulunkulu usiphile bona okwesikhathi leso esaziwa nguye, thina ke njengabazali, sinamandla wokusisebenzisa lesisipho ngendlela embi noma enhle. Uma abazali beqalekisa izingane zabo badala izilonda zokomphefumulo, kuthi nasekuphileni kwabo kubekhona okungahambi kahle okuzobahlupha impilo yabo yonke. Lezizilonda zingelashwa kuphela nguNkulunkulu.

Ngokunjalo uma sibabusisa abantwana bethu, selulela isibusiso sikaNkulunkulu kubona, futhi usebenzisa thina ukudlulisa umyalezo wakhe, abantwana bathole kubazali babo lokho ayikho uNkulunkulu, nokuthi ngabazali uNkulunkulu ufika ezinhliziyweni zabantwana. Ngesibusiso sethu, ufuna ukunika abantwana bethu amandla wokuphumelela empilweni. Isibusiso esifanayo siyenzeka uma sikhulekela abantwana bethu, ngoba thina njengabazali siyiselulelo sesibusiso nothando lukaNkulunkulu.

## IZINXUSO EZIBALULEKILE:

1. Sinxusa uNkulunkulu ngokuhlupheka kukaJesu Kristo ukuthi asuse imiphumela yokona kwethu ngokobuzali ukuze osekwedlule kwethu nokona kwethu kwanamuhla kungaziphazamise izimpilo zabantwana bethu.

2. Sinxusa uNkulunkulu ukuthi abusise abantwana bethu ukuze bezwe uthando lukaNkulunkulu ngokuchichimayo

3. Sifisa ukwandisa loMkhuleko weRosary wabazali bekhulekela abantwana ukuze bande abantwana abazothola izibusiso, imikhuleko kanye nokuqondiswa ngabazali babo uqobo ngezokomoya.